


**I-Sabelo seziMali saBantu sango
2007/2008**



**Dokotela ZWELI MKHIZE, MPP
uNgqongqoshe wezeziMali nokuThuthukiswa
koMnotho KwaZulu-Natal**

ISBN No.: 0-86967-389-0

Uma ufunamanyemabhukuthintana:

NeHhovisi lezeziMali kulesifundazwe

9th Floor

Treasury House (NBS Building)

145 Chief Albert Luthuli Road, 3201

P O Box 3613

Pietermaritzburg

3200

Tel: +27 (0) 33 - 8974587

Fax: +27 (0) 33 - 8974580

ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL

**Inkulumo ka Dr ZL Mkhize mhla kwethulwa iSabelomali
sesiFundazwe eShayamthetho lesiFundazwe –
01 Ndasa 2007**

**Somlomo,
Ndunankulu ohloniphekile nozakwethu esigungwini esiphethe
Sekela Somlomo,
Malungu ahloniphekile,
Malungu esigungu samaNxusa
Zivakashi ezikhethekileyo nabaholi bamabhizinisi,
Makhosazana nabanumzane**

ISETHULO

Ngesikhathi uNdunankulu ethula inkulumo yakhe yeSimo sesiFundazwe mhla ziyishumi nane kuNhlanguana, ezinsukwini eziyishumi nanhlanu ezedlule, ngaphansi kwengqikithi ethi **UKWAKHIWA KOMNOTHO NGAMAXHAMA**, wabeka isithombe seqiniso nge KwaZulu-Natali. Wabeka I KZN njengesiFundazwe esisuka emlandweni omdaka futhi onokwahlukana kwabantu, ebhekene nezingqinamba kodwa ezimisele ukuzikhuphula iqhathulule konke ukungabi nathemba, iphokophele phambili njengengadlangadla engamiseki ebheke ekusaseni elihle.

Ngingomunye wabazizwa behlonipheke kakhulu ngokusebenzela abantu balesisiFundazwe kulesiskhathi somlando wentando yethu yeningi. Sizimisele ukwakha uzinzo kwezombusazwe, ukuthula kwaphakade, silwisane nokuntuleka kwemisebenzi kanye nokuxosha ubuphofu futhi umlando wobandlululo siwulahlele emajukujukwini enkumbulo yalabo bethu abaphila ngalezozikhathi ezazimbi. Sizimisele ukwakha isiFundazwe esiphephile futhi esinenqubekela phambili. Egameni lalabo abafela inkululeko yezwe lethu kanye nezingane zethu nekusasa lazo, I KwaZulu Natali kufanele iphumelele. Sizimisele ukwenza iKwaZulu-Natali umnotho ohamba phambili.

Ngethula leSabemali kulendlu ngelikhulu iqholo nethemba.

Ngikhumbula ukunconya kukaSozinkondlo waseSouth Africa u Roy Campbell okwakwenziwa wuFrancis Carey Slater, okusho kuningi ngokuthi sifuna ukusisaphi lesisiFundazwe... Somlomo namalunga ahloniphekile inklondlo ayitolikwa, ngakho ke ngizoyisho injalo:

**"Soar again, young eagle, soar again –
Leave carrion to vultures! – soar above
The blazing precipes of the sun,
The huddled glaciers of the arctic moon;
Soar, soar and scatter with ascending wing
The swirling hailstones of the fierce, white stars."**



Nyakenye uMongameli enkulumweni yakhe yeSimo seSizwe wakhuluma ngokuthi "izinkumbi zabantu bakithi bangene esiKhathini seThemba". Uma sethula isabemali sethu, sakhuluma ngamaphupho nezifiso zabampofu nalabo abangasebenzi isiFundazwe sonkana, esasihlangana nabo ngesikhathi sibonisana nabantu ngesabelomali sabantu. Nonyaka siyakholwa ukuthi abantu bakithi bazimisele ukukhuphukela phezulu nalawo maphupho bawaphumelelise.

Ukwakha isiFundazwe-ntuthuko

Ukuthasisela kulowomyalezo kulonyaka, uNdunankulu wakhuluma kuleNdlu **ngesiFundazwe-ntuthuko**. Enye yezinkomba zesiFundazwe-ntuthuko, ikakhulukazi uma kubhekwa isimo sethu, kufanele kube amandla okwenza: ukufaneleka kwedumela okusuka entandweni yeningi kanye nendlela elalela abantu noshintsho olwenziwa ngenxa yabantu. Kulokhu, kufanele sikwazi umphakathi ukuhambisana naso ekwenzeni lokho okuhleliwe.

Lolushintsho Iwezomnotho sonke esilufunayo kufanele lusekelwe ukuqonda ubunjalo bezWen-ntuthuko kanye nesiFundazwe-ntuthuko sethu. Kucace bha uku intando yeningi ingaphumelela kuphela uma isekelwe wumnotho onempumelelo. Uhlaka Iwalowomnotho kufanele:

"lukhombise iziphiwo zemvelo zezwe kanye nobuciko abantu abaqequeshiwe abangabufaka. Kufanele kube wumnotho lapho ubuchwepheshe, ukuthuthuka kwezimbo okugxile ekwakheni amathuba omsebenzi, ingosi yosomabhizinisi abafufusayo nama cooperative "engqangayo", ukusetshenziswa kolwazi nezokuxhumana kanye nezindlela zokukhiqiza ezongayo kuhlangana khona ukuqinisekisa inqubekelaphambili kazwelonke".

Umnotho ophumelelayo esizweni esinentando yeningi udinga izimakethe ezibhekana nokuncishwa ngokwebala nobibili komlando wobandlululo kanye nobuphofu emakhaya nelezo zindawo ezisondelene namadolobha.

Sighutshwa wumbo nokezimisela ukusebenza kanzimana ukushintsha ukuqina komnotho wethu okungangabazeki kube yiqiniso elibonakalayo. Ngokwezibalo zakamuva, amaphesenti angamashumi amabili nesishiyagalolunye alabo abaphile ngokwanele ukuzibandakanya emnothwewni abasebenzi. Lokhu kuwushintsho olukhulu kunamaphesenti awu 34, 4 ang 1996. Inkomba yokuThuthuka koMuntu(Human Development Index) yesifundazwe ingu 0.57 okungcono ngo 0.52 kuno 1996. Lokhu kusho ukuthi iKZN imama phakathi nokuthuthuka komuntu. Ngokwezibalo zakamuva nje zakwa Global Insight, izinga lobuphofu le KZN limi ku 51.9 wamaphesenti – ozinkumbi zabo ngama Africa amnyama. Amazinga lokufa kwezingane ezingane ezisanda kuzalwa nezindadlana ami ku 68 kanye no 124 kweziyi nkkulungwane eziselwe. Lokhu kunjena phezu kwayo yonke inqubekelaphambili ekulethweni kwamanzi nogesi kanye nezinsiza-nqala emiphakathini.

Ingxenyenye ebalulekile yokuba yisifundazwe-ntuthuko isho uhulumeni ovumayo ukubonisana nabantu ngentuthuko. Lokhu kufaka ukulalela izidingo kanye nezifiso zemiphakathi futhi uyekelele izinqubo-mgomu namasu kulandele imibono yabantu. Lokhu kungumsuka wohlelo lwethu lokwenza kanye nesisekelo-mqondo ekwakhelwe kuso.

Kungalomoya ke uhulumeni ozibophezele kabusha ngawo ohlelwani Iwamazwe ngamazwe, lukazwelonke, kanye nolwesifundazwe lokulwisana nobuphofu noma buyisiphi isimo-mzimba, njengokusho kwe Millennium Development Goal, amazinga-nhoso kazwelonke okuletha iznsiza, ASGISA kanye ne PGDS yethu.



Ukuhambisana nalokhu, uMzansi Afrika wakhe amazinga-nhloso kazwelonke afana nokuthi:

- Ngo 2008 yonke iminden kufanele ibe namanzi ahlanzekile;
- Ngo 2010 yonke iminden kufanele ibe nezimfanelo zendle ezinesithunzi;
- Ngo 2012 yonke iminden kufanele ibe nogesi; nokuthi
- Ngo 2014 amaphesenti angamashumi amathathu omhlaba wokulima ophethwe abamhlophe kufanele uyobe sewabelwe ukulima okusimeme.

Somlomo, izinhloso ezinkulu ze Accelerated and Shared Growth Initiative (ASGI-SA) ziwukubeka umnotho wase Mzansi Afrika, endleleni yanomphela ephezulu yezinga lika 4.5% esikhathini esiya ku 2009. Sizibekel inhloso yokukhula komnotho ngo 8% phakathi kuka 2010 no 2014, kanye nokuhafula ukungasebenzi ngonyaka 2014.

I Provincial Spatial Economic Development Strategy

I KwaZulu-Natal seyakhe futhi yamukela I Provincial Spatial Economic Development Strategy(PSEDS) ngonyaka odlule njengesinyathelo esifaneleyo kusukela kwamukelwa I Provincial Growth and Development Strategy. Imigomo kanye nokufanele kwe National Spatial Development Perspective (NSDP) kwacha isisekelo sanoma yiliphi isu lesifundazwe lentuthuko. Lokhu kusho ukuthi isu lesifundazwe lentuthukok kufanele livume futhi liveze amasu nemigomo kazwelonke yentuthuko, libe khonamanjalo linikezela ngohlaka lokuthuthukiswa kwamasu omasipala entuthuko. I PSEDS ifuna ukulungisa ubuthaka obuhlonzwe kwi Provincial Growth and Development Strategy (PGDS) ekhona njengamanje, okuwukuthi ayikhulumi ngentuthuko yezindawo.

I PSEDS yancike ekuvumeni ukuthi zonke izinhlelo zikahulumeni zentuthuko kudingeka zenzeke ngokwezindawo, ngakho ke kufanele utshalomali Iwezingqalasizinda lubhekiswe ezindaweni ezinethuba elikhulu lokuthuthuka komnotho kanye nalezo ezintula kakhulu uma kubhekwa ukucinana kobuphofu. I PSEDS ibuyekeze amandla okuncintelana nokuqhathanisa omnotho wesifundazwe ukuze kuhlonzwe izingosi ezinamathuba amathuba amakhulu okukhulisa umnotho nokuba nokugadla kuzwakale ebuphofini kanye nokuntuleka kwamathuba omsebenzi. Lomsebenzi wahlonza ukuthi izingosi ezinqala ezakha umnotho walesifundazwe yilezi ezilandelayo:

- Ezolimo nezimboni ezhlobene nezolimo (kubandakanya ukudwetshwa kokusetshenziswa komhlaba nokugxila ekuguqulen iezomhlaba)
- Ezezimboni, kubandakanya ezinkulu nezincane nokukhiqiza
- Ezokuvakasha, kubandakanya okwasekhaya kanye nokwabaphesheya
- Ingosi yezinsiza, kubandakanya ezezimali, ezomphakathi, ezokuthutha, ezokudayisa kanye nohulumeni

I PSEDS seyethulwe kubo bonke omasipala esifundazweni ngesikhathi kukhona inkomfa yokuthuthukiswa komnotho wezindawo nyakenye kanye nohide lwemihlangano yomasipala yokudingida ezokukhula komnotho nentuthuko. Isetshenziswe njengomkhombandlela wokusiza ama IDP omasipala kanye nezinhlaka ze LED. Ukukhapha lendlela, uMgcinimafa usegqugquzele omasipala ukuthi bahlaziye ukunaba ngokwezindawo kwezabelomalil zabo ukuze kuvinjwe ukuchemela ngasezindaweni ezsemandolobheni.



Futhi, ukugxila kwethu ezingosini zomnotho kubandakanya lezozingosi ezidinga abasebenzi abaningi njengalezo zezindwangu nezingubo kanye nezimbiwa. NgoNdaso sizobe sibambe umhlangano wesifundazwe wengosi yendwangu nezingubo, onhloso yawo enkulu kuwukuhlonza amasu okuqinisekisa ukuthi imboni yasekhaya iyasimama futhi ikwazi ukuncintisana emva kwaleminyaka emibili yamatshuba evulwe yisivumelwano sohwebo sakamuva nje neChina. Siqhamuka namaqhinga okuvusa zombili lezizingosi, siyokhuluma kabanzi ngalokhu uma sesethula inkulumo-sabelomali yeVoti lesiNe, ukuThuthukiswa KoMnotho.

Ozakwethu kutshalomali eswini lesifundazwe lokuthuthukiswa komnotho

Utshalomali Iwezinkampani zikahulumeni

Ukuze sithole isithombe esiyiqiniso sobungako botshalomali kwizingqalasizinda esifundaweni kufanele sibandakanye incithomali yahulumeni kazwelonke nezinkampani zikahulumeni noma nje izabelomali zabo zingekho esikhwameni sikahulumeni sesifundazwe. I Transnet ne National Ports Authority bacwaninga uhlelo lokutshala u R15 billion ekukhuphuleni izinga lamandla okwenze umsebenzi kwechweba laseThekwini eminyakeni eyishlanu ezayo.

Utshalomali Iwezinkampani zangasese

Utshalomali ngqo oluvela ngaphandle

Utshalomali ngqo okuvela ngaphandle oluza eKZN lunyuka ngamandla amakhulu. Phakathi kuka 2000 no 2005 izinkampani zangaphandle zitshale imali engaphezulu kuka R27bn kulesisfundazwe.

Lotshalomali lungene ezingosini ezahlukene, enkulu kunazozonke itshalwe engosini yezinqola, insimbi(ikakhulukazi kwi aluminium), ezamahlathi nephepha, ukuthuthukiswa kwezakhiwo, uwoyelal negesi. Okuvelele kakhulu ku 2004-05 kubandakanya u R3,4bn owatshalwa yi Toyota Motor Corporation of Japan, u R1,4bn owatshalwa yi Anglo American Plc yase UK kwi Mondi, u R900m owatshalwa emshinini wephepha wase Merebank yi Anglo American Corporation, u R800m owatshalwa yinkampani yase Portugal kwi Natal Portland Cement, kanye no R630m owatshalwa yi Shell/BP kwisicwengi sakwa Sapref. Isifundazwe sizoqinisa imizamo yokuheha abatshali bezimali nokuthi izinkampani zakhe amakomkhulu azo KwaZulu-Natal.

Izinkambo zaphesheya zokunxenxa uhwebo

Siphezu kohlelo lokuhlanganisa iminyakazo yohwebo neyotshalomali ukuze sigweme ukuthi omasipala baye phesheya bayoqhudelana kunokusebenzela isifundazwe esinobunye. Ibhodi entsha ye TRADE AND INVESTMENT KZN seyakhiwe ukuhlanganisa bonke omasipala ngaphansi kophahla olulodwa olunxenxa uhwebo kanye notshalomali.

I Trade and Investment KwaZulu-Natal ibimatasatasa ichumisa amathuba otshalomali futhi ibhekisia izimakethe ezintsha ukuze izinkampani zangaphandle zibe nozakwabo balapha ekhaya. Ekufuneni labatshalizimali sihole amathimba anohulumeni nezimboni zendawo ukuyokhombisa amathuba otshalomali esifundazweni. Okungukhiye bekuwuqhathanisa izinkampani zasekhaya nezithile ezinethuba lokuba ngozakwabo ezifundeni ezithile phesheya. Lezizinkambo seziveze imiphumela ethize. Lokhu okulandelayo okunye kwalemiphumela:



- I Indian Apallo Tyres yathenga izabelo kwi Dunlop;
- I Indian Tata Steel yakha imboni yokukhiqiza e Richard's Bay;
- I Indian UniPhos Group yenze isivumelwano sokuhlanganyela nenkampani yabamnyama ukuze kwakhiwe imboni yokukhiqiza iplastic eThekwini;
- I Rovoplast yase Belgium ithenge indawo Eshowe ngenhloso yokwakha imboni yokukhiqiza i PVC;
- Inkampani yase China, I Shanghai Haboa Chairs, yenze isivumelwano sokuhlanganyela nenkampani yabamnyama ukukhiqiza izihlalo zezinkundla ezivunywe yiFifa e Pietermaritzburg;

AMASU AMATHATHU ENTUTHUKO

Uhlaka luka 2007/08 Iwesabelomali Iwakhelwe phezu kwamasu amathathu entuthuko; okuwukuthi:

- Ukugqugquzelwa ukukhula komnotho okusimeme nokubanjiswa kona, ngokwakha amaxhama
- Ukwakhiwa kwamathuba omsebenzi nokunikwa amandla labo ebebengenawo, kanye no
- Kwenza ngcono ukulethwa kwezinsiza.

ELOKUQALA:

Ukugqugquzelwa ukukhula komnotho okusimeme nokubanjiswa kona, ngokwakha amaxhama

U Chalmers Johnson owaqamba leligama le 'developmental state' wathi 'inhloso ngqangi yezwe yiyo echaza umongo walo'. Ngakho ke umongo wethu ukwakha umnotho lapho bonke abantu benesabelo, ngaleyondlela baphose esivivaneni sokuqedwa kobuphofu. Siqonde ukuthi umnotho wesifundazwe sethu ube ngomkhulu kunayo yonke ezweni lethu futhi ube yiwona ophosa kakhulu kunayo yonke esivivaneni se GDP. Ukuze lokhu kwenzeke kunezidingo-ngqangi ezimbalwa:

- Utshalomali lukahulumeni emnothweni
- Ukugqugquzelwa kotshalomali Iwezimboni zangasese ukuze kushintshwe umnotho wesifundazwe ngokuthi abantu bakwazi ukuzibandakanya futhi uthathe uwonkewonke.
- Kwakhiwe ubuciko bokuxhasa umnotho okhulisa wubuchwepheshe
- Ingosi yosomabhizinisi esebezisa abantu abaningi ebhekiswa ephokophelele ukuhhafula ukuntuleka kwamathuba omsebenzi.

Siyavuma ukuthi uhulumeni akanakuphumelela kulokhu yedwa. Kunozakwabo abathathu ekuthuthukisweni kwalesisifundazwe. Uhulumeni, izakhamizi kanye nengosi yosomabhizinisi ezimele. Ithuluzi elibalulekile ezandleni zikahulumeni yisabelomali sesifundazwe yisabelomali sesifundazwe ekufanele icacise izinhloso zethu abese yelusa intuthuko yomnotho.

Yonke imizamo yokukhulisa umnotho wesifundazwe beyibhekiswe ekukhuliseni ukuzibandakanya emnothweni kwemiphakathi eyayivinjiwe phambilini. Ukunikezelwa kwamandla kwabantu abamnyama enye yezinto ekufanele zibhekelelw yilabo abatshala izimali, abasekhaya nabaphesheya. Sifuna nokuqinisekisa ukuthi I Black Economic Empowerment yangempela iba sesitikini seminyakazo yamabhizinisi e KZN.




Utshalomali lukahulumeni emnothweni wendawo

Somlomo, ukuhlaziwa kusampondozankomo kwezinhlelo zengosi yezonmotho ze MTEF ka 2007/08 ihlonda ukuthi uhulumeni uzosebenzisa u R7, 637b kwezezindlu, ukwakhiwa nokugcinwa kwemigwaqo, ezolimo, uguquko nokubuyisela komhlaba, ezokuvakasha nokuthuthukiswa kwe"mihubhe ezindaweni ezhlonzwe njengeziphuthumayo esifundazweni. Lamaprojekthi abhekeke ukwakha cishe imisebenzi yesikhashana ewu 183 000 .

Utshalomali kwizingqalasizinda

Usebenziso-mali lukahulumeni wesifundazwe seluphinde ngaphezu kwakabili phakathi kuka 2003/04 kuya ku 2007/08, kusukela ku R2.9b kuya ku R6.4b futhi lona lodwa luzokhula luye ku R9.8b ngo 2009/10 (**Figure1**). Uma kubhekwa amandla enawo ukugqquzelu ukukhula komnotho nhlazonke, ukulethwa kwezingalasizinda kuzohlale kuyindima uhulumeni agxilile kuyo. **Futhi-ke nje sinqume ukuthi ngeke sikubekezelele nakancane ukusetshenziswa kancane kwemali yezingqalasizinda. Nganelisiwe wukuthi imihlangano eminingana esibaniyiwe neminyango efaneleyo izokuqedu lokhu ithole nekhambi langunaphakade. Sizoqhubeke nokungenelela sabe kabusha izimali zeminyango engayisebenzisi imali iye kuleyo ezokwazi, njengoba senzile nangoshintsho Iwesabelomali oludlule.**

Figure 1 Usebenzisomali oselwenzekile nolungathekiswayo Iwezingqalasizinda :
2003/04 to 2009/10



Kusebenziso-mali Iwezingqalasizinda zokuthutha, isabelomali esisethula namhlanje sinikeza umnyango wezokuThutha u R3.18bn eminyakeni emithathu ezayo ukwenza ngcono imihubhe emikhulu yokuthuthu esifundazweni, kubandakanya: John Ross Highway (enikezwe uR100m ngaphezulu), U P700 osuka e Richards uya oLundi obese uhlangane i Vryheid nenyakatho, njll.



I Dube Trade Port kanye nesikhumulo sezindiza samazwe ngamazwe

Sibonga kakhulu ngamaxhama esinawo ne ACSA ngeDube Trade Port, utshalomali olukhulu kunalo lonke olwake Iwenziswa wuhulumeni esifundazweni. Ngesikhathi i ACSA ingena kule projekhthi, izidingo zabuyekezwa kwase kukhula imali edingekayo isuka ku R2.5b iya ku R5.3b. Inkampani yokwenza lomsebenzi seyikhethiwe, okuyi Lembe Consortium. Izingxoxo neLembe Consortium kubhekeke ukuthi ziphele ngoNdasa nonyaka. Isivumelwano esicacisa ukuthi ubani owenza ini phakathi kwe ACSA ne Dube Trade Port sesisayindiwe. Ngincoma kakhulu I ACSA ne DTP ngokuzimisela abakukhombise ngesikhathi kwensiwa lesivumelwano. Ngifisa ukubonga kakhulu uNgqongqoshe wezokuThutha kuzwelonke, uMhlonishwa Jeff Radebe ngeqhaza alibambil ekugoqeni loludaba. Ngiphinde ngifise ukubonga uNdunankulu u Ndebele nozakwethu esigungwini esiphethe neziNhloko zeMinyango ngoxhaso Iwabo kuleprojekhthi ekudala ilindwe ngabantu baKwaZulu-Natali.

Yize kwakunesikhalo esafakwa enkantolo yamajaji malungana nokukhethwa kwenkampani ezokwakha isikhumulo sezindiza, nganginesiqiniseko kwinqubo eyalandelwa ekukhethweni kwalenkampani. Angizange ngicabange ukuthi lesikhalo singase siphumelele. Angizange nakancane ngibe nongabazane lokuthi kungase kube nesidindo sokuthi kuhlehliswe isikhathi sokwakhiwa kwesikhumulo sezindiza.

Ngiyajabula ukubika ukuthi isimangalo ebefakwe enkantolo ukuphikisana nokukhethwa kwenkampani ezokwengamela lomsebenzi sichithwe nezindleko e Nkantolo eNkulu yase Mgungundlovu ngesonto eledlule. Kusho ukuthi indlela seyicacile ke manje ukuthi iprojekhthi ihlabele phambili ukuhlangabezana nezikhathi-migoqo ka2010 nangale.

Umthelela okhanda amanye amathuba ozokwenziwa yilomsebenzi awugcina ngokukhulisa inhla neTheku kodwa uzozwakala isifundazwe sonke ngokuthi uzobeka iKwaZulu Natali njengendawo yilowo nalowo mvakashi ayikhetha kuqala ukuya kuyo – yigolide elingapheli lalesifundazwe leli.

Ezinyangeni lapho sekusondele iNdebe yoMhlaba ya 2010, izakhamizi zalesisifundazwe ukubona iznguzanguza zamabhanoyi esibhakabhakeni zisuka e King Shaka International Airport.

INdebe yoMhlaba ya 2010

Somlomo, iNdebe yoMhlaba ya 2010 ithembisa ukuletha imivuzo emikhulu ezweni nasesifundazweni, ikakhulukazi kwezokuvakasha. Isifundazwe sethu siqinisekile ukuthi sizothola umdlalo owodwa owandulela owamanqamu. INdebe yoMhlaba yeFifa ya 2010 imayelana namathuba amabhizinisi esifundazweni sethu: ezokuvakasha, ezemidlalo, ezokuphepha, ezokuhlala, ukudla nokuphuzwayo, ezokuthutha, nezinye eziningi. I KwaZulu-Natali mayilunge!

Kunenqubekelaphambili enhle eyenzekayo ngokwakhiwa kweNkundla yeBhola ya 2010 e Thekwini, lapho kuzodlalelw khona umdlalo owandulela owamanqamu. Izingxoxo sezihambe ibanga elihle ukuqinisekisa ukuthi inkampani ekhethiwe iqede inkundla ngesikhathi. Ngendlela ebaluleke ngayo lenkundla, isifundazwe sizinikele ekufakeni uxhaso lwezimali ekwakhiweni kwayo. Siyakholwa ukuthi lezizindleko ezikhona zokwakha lenkundla azinakuvikeka ngakho ke sizimisele ngokufaka u R300m kwi MTEF elandelayo.

I Provincial Growth Fund

Sasiqonde ukuthi I Growth Fund ibe seyisebenza ngokugcwele kulonyakamali ophelayo. Yize kube nogqozi olukhulu engosini yosomabhizinisi bangasese kulobudlelwano, umgudu wokwenza



izivumelwano zalesisikhwama, ezifaka ababolekisi abahlanu bangasese, uthathe isikhathi esingaphezu kwaleso ebesisicabangile. Kuze kwadingeka ukuthi ngingenelele ngithathe u R400m we Growth kulonyakamalil ngiwabe kabusha ngesikhathi sokubuyekezwa kwesabelomali. Siye sathola nosizo kwi DBSA ukuqinisa ilesisikhwama njengoba besinenkinga ngasemandleni ezokuphatha, ngalendlela kwadedeleka umsebenzi wokuhlonza amaprojekhthi ukuze acutshungulwe yikomiti lotshalomali lesikhwama.

UMgcinimafa usanda kubiza umhlangano obandakanya ozakwethu bezezimali esinabo kulesisikhwama ukuze isikhwama siqale ukukhipha izimali kumaprojekhthi amakhulu ngejubane elikhudlwana. Nginethemba elikhulu lokuthi njengoba sesenze kanje, sizokwazi ukusebenzisa iningi lalo R500m ofakwe kulesisikhwama kulonyakamalil ozayo. Manje amandla okubheka ukusebenza kwesikhwama asezohlala eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMnotho. Ngiphosela abatshalizimali ukuthi beze ngaphambili.

Ezinye izindlela zokugqugquzelu ukukhula komnotho

Uhulumeni wanquma ukusebenzisa izindlela ezithile zokugqugquzelu ukukhula komnotho ngokuthi ezizobekwe I KZN njenge Mecca kwezamasiko nezemidlalo.

I A1 Grand Prix

Ngempelaviki eyedlule isifundazwe sibe ngofakazi ebudlewaneni bohlobo olwehlukile. Lapha ngikhulumu nge A1 Grand Prix, enobudlelwano obunxantathu buka hulumeni, I Thekwini Metro kanye ne A1 Holding Company Dunrose Investments. Lomcimbi sewenze umehluko emnothweni wethu, ngonyaka odlule nje kuphela ufake R350m.

IMboni yase KZN yamaFilimu

E KZN sekusekhaya kulabo abathwebula izithombe zebhayisikobho nezintengiso zethelevishini. Ngo 2004 kwathwetshulwa amafilim u nezintengiso eziwu 59 e KZN. Ngo 2006 zanyukela ku 77. Lokhu kwenyuka kwenziwa wukuthi izindleko zokuthwebula eMzansi Afrika zingaphansi ngamaphesenti angamashumi amathathu kuya kwangamashumi amane kunaseMelika naseYurophu. Ukuze siqhubekele phambili nalolutamuzo uMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho nge KZN Film Commission – icubungula izindlela eziningi zokuheha abathwebuli ukuthi benze I KZN ikhaya labo. Imininingwane yalokhu iyovela kahle uma sekwethulwa isabelomali seMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho.

Imboni yezomculo

Kwezomculo I KZN isikhiqize izingqungqulu ezidle ubhedu eMzansi Afrika nangaphandle. Kodwa labaculi nezingcweti ziphumelele ngoba seziphumele ngaphandle kwesifundazwe. Lokhu kudala ukuthi kulahleke ithalente lasekhaya, kulahlekelwe umnotho abese kudicileleka phansi nenqubo-mgomu kahulumeni wase KZN yokwenza isifundazwe I Mecca yezamasiko nobungcweti.

Kulesabelomali sifaka izigidi eziyishumi ngonyaka eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMnotho ozosebenzisana nowezoBungweti, amaSiko nezokuVakasha ukwakha inhlango engenzi nzuzo ezosiza izingcweti nabaculi ukuphumelela ngaphandle kokushiya isifundazwe. Lokhu kuzosiza ukuthi abaculi baqophe khona lapha ekhaya kuthi inzuzo kube ngeyabo.



EzokuVakasha

I KwaZulu-Natal izihola phambili manje kwezokuvakasha kwabantu basekhaya abese ilala isibili kwezokuvakasha kwabamazwe ngamazwe. Kuleminyaka emithathu eyedlule I KZN ibilokhu inyusa indima yayo ezinhotsheni zombili zokuvakasha.

Ukusetshenziswa kwamahhotela kulesisifundazwe kuya kuZibandlela 2006 bekungaphezulu ngephesenti elilodwa kunezwelonke lididiyelwe. Uma sesihlanganisa konke siphose 10% esivivaneni se GDP-R. Ingosi yezokuvakasha yakhe amathuba omsebenzi ngqo ayizinkulungwane ezingamashumi ayisiphohlongo nesiphohlongo kanti amanye awuphumela walomsebenzi abe yizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisihlanu nane, lokhu okuyinto omasipala ekufanele bayikhumbule uma benza ama Local Economic Development Summits (LED).

Luningi impela utshalomali olwenziwe kwizingqalasizinda zezokuvakasha. Ukuvuselela okwenziwe kuleminyaka emibili eyedlule ibize izigidi ezingamashumi ayisishiyagalombili nesishiyagalolunye. Ngaphezulu kwalokho izinkampani zangasese zifake R2.5b ezingwalasizindeni ezintsha. Futhi kunamahhotela amathathu amasha asahlelwayo, kubandakanya nendawo yokungcebeleka namaholide ogwini.

Ukuqhubeka sihlomule, I Economic Cluster, isebezisana noMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, nowezobuCiko, amaSiko nezokuVakasha, bazokwakha itulo lokugoqa kabusha amathuba otshalomali kwezokuvakasha ezingxenjeni ezahlukene zesifundazwe, kulezizinyanga eziyisithupha ezizayo.

Somlomo, izinkondlo azitolikwa, ngivumele ngithi:

**"Soar again, young eagle, soar above
Those jagged turrets and sky-tossing peaks..."**

ELESIBILI:

Ukwakhiwa kwamathuba omsebenzi nokunikezwa amandla

Inhoso-ngqangi yethu yokulwa nobuphofu ihangene nesidingo sokwakha amathuba omsebenzi nokunikeza amathuba labo abebengenawo ngalezindlela ezilandelayo:

Umthelela ekunikezeni abamnyama amathuba ebebengenawo

Uhlelo lokuthenga izinsiza nezimpahla

Yonke iminyango yesifundazwe seyakhe izingosi ze Supply Chain Management, kanti manje seyisesimweni esingcono sokuchumisa inqubo ye BEE kanye nezinye izinqumo-mgomu zokuthuthukiswa komnotho. Uhlaziyo losebenzisomali kunyakamali ababili abadlule kukhombisa ukuthi u 71% wesabelomali sika 2007/08 uzosetshenzisela amaholo, ukukhokhela izinsiza zikamasipala, Telkom, ama NGOs kanye nezinkampani zikahulumeni. Lokhu kusishiya no 29%, noma R12,3b wokuthenga izinsiza noma izimpahla.

Uhlaziyo luqhubeka luhlonze u 37% noma u R4,7 billion walemali ongena ezivumelwaneni ezikazwelone(imithi nezimoto) nezinkampani ezinkulu zamazwe ngamazwe. Amasu ethu achema nababencishiwe awakakwazi kahle hle ukuphumelelisa uguquko kulelizinga. Kungakho ke uMgcinimafa egwadla iqhinga elisha lokuqinisekisa ukuthuthukiswa komnotho wendawo nabamnyama kulezizinkamani. Sizohlangana nazo zonke lezizinkampani ukuqinisekisa nonyaka ukuqinisekisa lokhu.



Esalayo emalini yokuthenga(63% noma R7,5b), yiyo ke uhulumeni wesifundazwe okwazi ukujuba kuyo. Sizimisele kakhulu ukuqinisekisa ukuthuthukiswa komnotho wendawo nabamnyama ngalemali. **Umyalezo ezinkampanini ezenqabayo ukuguquka zixhase izinqumo-mgomu zikahulumeni uthi ngeke sikunike ibhizinisi.**

Uhlaziyo luyakhombisa ukuvuthwa kwendlela yabamnyama kulabo abaphakela uhulumeni ngezimpahla nangezinsiza. Noma kukhathaza nje lokhu, kuya kucaca futhi ukuthi lezozinkampani eziphakela lezi ezimnyama eziphakela uhulumeni azikayizwa le eyokusimamisa abamnyama. Sizozihlonza lezizinkampani abese sinqaba ukusebenza nazo.

Umkhankaso wokwandisa ngamandla ezolimo nezihlelo zokudla

Lomkhankaso osewamukelwe wuhulumeni wesifundazwe uyilona su lesifundazwe elibalulekile ngokwedlulele lokuvuselela umnotho wasemaphandleni, kuhlehliswe ubuphofu bese kuqinisekisa ubukhona bokudla. Lelisu livumela ukuthi sisebenzise esinakho njengomhlaba namakhono endabuko okulima.

Ngaphandle kokuvuselela kwemfuyo yamaNguni, ngokoMnyango wezoLimo umhlaba onga hectare angu 8 670 hectares uye watshalwa umbila nobhontshisi nonyaka., uhulumeni exhase nothango, umanyolo, imbewu kanye nezibulala-khula, kuxhaswe nangogandaganda ohlelweni lokunikezela ngemishini edingekayo. Kulindeleke ukuthi amathani ombila nobhontshisi angaphezulu kuka 13 000 avunwe abantu bakwaNongoma, Magudu, Nquthu, Nkandla, njll.

Kufanele ke kodwa silivume iqiniso lokuthi loluhlelo luye lwabhekana nezingqinamba ezinkulu ezinjengokungahleli ngendlela nokungenzi umsebenzi ngendlela okuholele ekutshaleni emva kwesikhathi nokusebenzisa imali ngokweqile ezindaweni ezithile. UMnyango usuthole umyalezo wokuziqhathulula woMpengululimabhuku nokugxekwa okunzima yisiShayamthetho sesiFundazwe. Yize kunjalo akungabazi ukuhlomula kwaleyomiphakathi eyanikwa lolusizo. Loluphenyo olukhona, uma seluqedie, luyokwenza ukuthi kuthathwe isinyathelo zokuvala izimbobo kwezokusebenza nokubuyisela uhlelo esimweni esifanele ukuze kufezeke izinhoso zikahulumeni kule MTEF ezayo. Lokhu ukuzinikela kukaNdunankulu nozakwethu, uNgqongqoshe wezoLimo nezeMvelo, nami engikwesekayo.

Sizogxila kakhulu emathubeni okuhanjisa kwemikhiqizo yezolimo ngesikhathi sisebenza I Dube Trade Port.

Phezu kwalokho sibheka ukuthi kungaphumelela yinii ukukhiqizwa kwetiye njengoba kwalahleka imisebenzi engu 5000 ngesikhathi kwehal amandla aleboni. Selulekwe ongoti betiye base Japan ukuthi masigxile etiyeni eliluhlaza elilungele ukuphuzwa. Silinde ke ucwaningo ngaphambi kokwenza isinqumo.

Ithala

Ukuze sifake izimali futhi sikhulise amathuba omnotho ezindaweni, sacela Ithala ukuthi kube yilo elihamba phambili ekuxhaseni ama cooperatives, osomabhizisi abafufusayo kanye nabantu abamnyama. Abaphathi be Ithala sebesazise ngezingqinamba zokuthuthukisa lengosi, eseziholele ekutheni imali esalele emuva ukukhokhwa kuleminyaka emibili edlule icishe ibe ngu R52m.

UMgcinimafa wesiFundazwe kanye neBhodi nabaphathi baseThala bahlangana ngo Masingana nonyaka ukuxoxa ngaloludaba njengoba kusazofakwa enye imali eThala edingekayo ukuxhasa



izinhlelo zentuthuko. Kwavunyelwana ngesu lokulungisa udaba lwemali esilele ukukhokhwa nokuthi amabhizinisi amasha athole ukusizwa ekuqaleni ukuze angakhalakatheli kulenkinga nawo.

Phezu kwalokho, iBhodi no Ngqongqoshe sebevumelene ngokuhlela kabusha lenkampani. Ithala elihlelwe kabusha, lizogxila ekuqedeleni ukwamukela izimali kweThala, nokuqondiswa kwe Development Corporation. Lokhu kuzosiza ukuthi kudidiyelwe kalula futhi kuhambisane nokwejayelekile kulemboni. Sizokhuluma ngalokhu uma ushintsho seluphothuliwe.

Kuyasikhuthaza kakhulu ukuzinikela kwabaphathi ukwandisa amakhono enkampani khona kuzochuma uxhaso Iweizimali Iwentuthuko.

Kwisabelomali esilandelayo se Ithala kuzophakanyiswa ukuthi imali engengaphansi kuka R50 million ibekelwe eceleni amabhizinisi entsha nemali efanayo yalawo abesifazane. Kulesabelomali sifaka u R1.3 billion eThala eminyakeni emithathu ezayo ngenhoso yokuxhasa amabhizinisi afufusayo - R665 million kanye nama cooperatives - R635 million.

Uxhaso Iwamabhizinisi afufusayo nokutholakala kwezimali

Inhoso-nqala yokuxhasa ngezimali amabhizinisi afufusayo ukusiza ababecindezelwe ukuziqalela futhi bakhulise amabhizinisi. Ukuvala isikhala esikhona phakathi komnotho wokuqala nowesibili kuyimfanelo uma sizohlangabezana nenhoso-nqala yenqubo-mgomo wokusimamisa abamnyama nokwakha amathuba omsebenzi, phakathi kokunye.

Kuze kube manje, izimali esezipolekwe osomabhizinisi abafufusayo ezingu 465 zingafinyelela ku R478m emikhakheni yolimo, ukukhiqiza, izinsiza, ukwakha, amandla ambiwayo, ezokuvakasha, njll. Lokhu sekwakhe imisebenzi ewu 3,552. Ukubhekana nezingqinamba Ithala seliqashe Ukwakha Consortium ukusiza ngezinhlelo zebhizinisi, ukwalusa, usizo Ivezobuchwepheshe, kanye nokubhekisisa lapho kufakwe isicelo.

Ukusebenzia indlela yase Republic yase India, i National Small Industries Corporation (NSIC) yase India seyisisize ukuthuthukisa isu lokuxhasa osomabhizinisi abafufusayo ngokwezfunda okuzofakwa kwi Small Enterprise Development Agency (SEDA). Lesu lizoqinisa ingosi yosomabhizinisi abafufusayo, yandise amathuba omsebenzi bese isiza ukuvikela utshalomali.

Uhlelo IwamaCooperatives

Uhlelo IwamaCo-operatives lunezinhoso-nqala ezimbili, eziwukunikezela ngezidingo zokudla kanye nokunyakazisa umnotho emiphakathini. Abantu sebefakaze ngokuthi sebeyakwazi ukondla iminden yabo ngenxa yaloluhlelo.

Noma engaphezulu amacooperatives aseqeqeshiwe, awu 4000 asesebenze nama FET college ukwakha izinhlelo zebhizinisi. Angaphezulu kuka 1000 asephumelele ezicelweni eziye eThala, ambalwa asebenzise ezawo izidleke asebenza ngaphandle kwemali yaseThala. Ngokwamabhu kweThala imali engaphezu kuka R169.6m seyavunywa ukuxhasa ama cooperatives, ngaleyondlela kwakheka amathuba omsebenzi angaphezulu kuka 7130.

Isiko Iwamacooperatives lusazohlale luhkona futhi liyakhula. Sidinga ukugcizelela ukuthi amacooperatives akuyona into ephethwe nguhulumeni kodwa ephethwe wumphakathi ukuze kuhlomule wona, uhulumeni ulungisa isimo nje ukuze ama cooperatives aphumelele.

Siphokophelele ukuthi amalunga ama cooperatives afinyelele ezigidini esikhathini esingekude esizayo kulesisifundazwe.



Ngenxa yesicelo sethu, kunendima enkulu esihanjwe kubanjiswene ne University of Zululand ekwenzeni izifundo ngama cooperatives nezamabhizinisi. Siyincoma kakhulu lenyuvesi ngokuqasha o Solwazi Dele Braimoth no Anthony Setsabi(bobabili abangabase Lesotho University) abangongoti kwezamacooperaives. Abantu abasha manje sebefunda bazenzele ikusasa emsebenzini wamamcooperatives ngokuthi bathole isitifiketi, I diploma noma i degree yama cooperatives. LaboSolwazi bazokwengamela ukubuyekezwa okukhulu kohlelo Iwamacooperatives nokususa ubuthaka obukhona ohlelweni osebuholele emehlukweni omkhulu phakathi kwamacooperatives abhalisile nasebenzayo. Sizophothula umsebenzi wokwakhiwa kwama secondary cooperatives ukuze siqinisekise ukuthi ama cooperatives ayahlomula ekuthengweni kwezimpahla nezinsiza, ukuthenga kakhulu, ukukhangisa, ukuqinisekiswa ubuhle bomsebenzi. Ekupheleni kwalonyaka, kuyobe okungenani kukhona isecondary cooperative eyodwa esifundi ngasinye. Sibheke ukuthi ama secondary cooperatives azibandakanye ezintweni ezinjengemikhiqizo yenkuhlu, eyenyma yenkomu, imifino, ubhontshisi kanye nokwemishini. Kuloluhlelo kuzohlanganisa imali abayiphiwayo naleyo ebolekisayo. Uhulumeni uqhubeka nokuzibophezelu ekuphumeleliseni amacooperatives ngokuvula izimakethe, sincoma kakhulu uMnyango wezeMpilo ngokuzihola phambili ekuthengeni izinto zokulala, imifino nenyama kwasezibhedlela kuma cooperatives. Sinxenxa eminye iminyango ukuthi nayo yenze njalo.

Izinhlelo-ngqo zokwakha amathuba emisebenzi – EPWP

I expanded public works programme (EPWP) ingezinye izindlela zokungenelela emnothweni wesibili uhulumeni aqonde ngazo ukwakha amathuba omsebenzi, ukunikezela ngamandla kulabo ebebengenawo, kanye nokulwa nobuphofu. Lesabelomali sifaka imali kwi EPWP – eminyakazweni ehlobene eminyangweni yezokuThutha, ezeMpilo, ezeNhlalakahle, ezoHulumeni baseKhaya, ezeMfundu, ezoLimo, kanye nezeMisebenzi kaHulumeni - -ebhekiswe ikakhulu kubantu besifazane nentsha. Izinhlelo ze EPWP zenabe kakhulu, zibandakanya u Zibambele no Vukuzakhe woMnyango wezokuThutha(ekulindeleke ukuthi zakhe amathuba omsebenzi angu 109,500 ngo 2009/10), ezempilo zasemphakathini nokunakekela kwezempiro kwasekhaya eminyangweni wezeMpilo nalowo wezeNhlalakahle(16,034 wemisebenzi ngo 2009/10), uhlelo Iwama Community Development Workers oluphethwe wuMnyango woHulumeni baseKhaya(410 wemisebenzi ngo 2009/10), kanye nohlelo lokukhculula usandanezwe oluphethwe wuMnyango wezoLimo(4,500 wemisebenzi ngo 2009/10). Seyyonke leminyango izosebenzia cishe R2.6b ezinhlelweni ze EPWP eminyakeni emithathu ezayo ye MTEF. Izabelomali zalokhu zifakwe ezabelweni zaleminyango.

I Business process outsourcing

I Business process outsourcing (BPO) ukukhipha umsebenzi othize webhizinisi njengokuholelwka kwabasebenzi, ukuphathwa kwabasebenzi, nokuphatha uwunike enye inkampani. Imvamisa, lokhu kwenzelwa ukonga imali ngemisebenzi inkampani eyidingayo kodwa engekho nqala ekuncintisaneni emakethe/embonini ehweba kuyo. Izinkampani eziningi zamazwe ngamazwe sezivele zibheke ukukhiphela lemisebenzi ngaphesheya kwezilwandle.

Kunyaka ozayo uMnyango wezokuThuthukisa koMnotho uzokwakha ama call centres amathathu – e Pietermaritzburg, Richards Bay, kanye nase Newcastle njengengxenye yotshalomali Iwesifundazwe kulengosi. Eyokuqala i call centre izobe seyisebenza ngo June 2007. Uhlelo lokuqeleshwa kwama call centre agents ayinkulungwane luzzoqala ngo May 2007 kanti sekubekwe u R20.8m waloluhlelo.



Ukunikeza amandla ngokonga

Kuyasikhathaza ukuthi iminden isebenza imali engaphezulu kwaleyo eyiholayo. Izakhamizi zase Mzansi Afrika zonga kuphela u 0.2 wamaphesenti. Kubalulekile ukuthi sivuselele isiko-mpilo lokonga emazingeni wonke. Ukunyukwa kwenzalo yomali ebolekiwe seyisetshenziswe ukwehlisa izinga lokweboleka. Kufanele sikhuthale ukufundisa abantu bakithi ngobuhle bokuba nohlelo lokonga imali yingakho-ke nje sininike izikoqokoqo zemali.


Enkulumweni yakhe yeSabelomali, uNgqongqoshe Manuel, wathi: "***Ezwени lapho kunezinga eliphansi lokonga, imali ezosala ibekwe ethala wukuphosa kukahulumeni esivivaneni sesicela izakhamizi zelandele lesibonelo.***"

ELESITHATHU:

(A) Ukwenza ngcono ukulethwa kwezinsiza

Isabelomali esisethulayo sinokukhule kwezabelo ukuze iminyango ikwazi ukuletha izinsiza kubantu ngendlela enhle, lokho okuchaphazela amazinga obuphofu kuphucule nekhwalithi yempilo esifundazweni. Ngo 2009/10 ezeMfundu kanye nezeMpilo ziyothona R10,2b ngaphezu beyizothola uma izisekelo zezabelo zabo zika 2003/04 bezivele zashintshelwa amandla emali kuphela (**Figure 2**). Kodwa zikhona izingqinamba zemali ekufanele sizivume.

**Figure 2 Izimali ezengeziwe esabelweni se MTEF ka 2003/04 esifundazweni:
2003/04 kuya ku 2009/10**



EzeMfundu:

Uhlaka Iwe MTEF ka 2007/08 lunyusa ngokubonakalayo imali uma kuqhathaniswa neMTEF ka 2006/07. Esabelweni sika 2007/08 kwengezwe isamba sika R2.4b okwenzi ukunyuka kuka 14.9%. Lokhukwengeza okwenzinto ezithile ezifana nezikole ezingasavumelekile ukukhokhisa. Singasho ngeqholo sithi isabelomali semfundo esichema nabampofu futhi uMgcinimafa wesifundazwe wanelisekile ngokuthi okuhamba phambili kwazwelone kuxhasiwe ngezimali. Lapha sekubandakanya nemali yokwenyusa amaholo nokuqashwa kwabanye othisha. Inani lezikole ezingasavumelekile ukukhokhisa esifundazweni selenyukile lisuka ku 1346 ngo 2005/06 liya ku 3342 ngo 2006/07 futhi lisazokwenyuka kule MTEF ezayo. Kepha, uzakwethu uMhlonishwa Nkk Cronje nawowonke uhulumeni wesifundazwe basakhathazeke kakhulu ngokuthi utshalomali olukhulu oselwenzekile alukabonakali kumazinga okuphasa.

Izabelo zama Further Education and Training (FET) ziqahubeka nokukhula. Kusukela ku R392 million ngo 2006/07, izabelo zalapha sezikhule zafika ku R513 million ngo 2009/10. Sithatha lomkhakha njengobaluleke kakhulu ekwandiseni amakhono adingekayo ekukhuliseni umnotho wethu. Imali eyengeziwe ifaka naleyo yokuxhasa uhlelo luka Masifundisane Literacy Campaign ukwengeza kulokho okufakwe wuMnyango wemisebenzi.

EzeMpilo:

UkuBuyekezwu kweSabelomali sika 2006/07 kufake R75 million ekulweni nesifo sofuba esingasabi mithi. Sisazoyenyusa lemali ngokuhamba kwsikhathi.

UMnyango wezeMpilo uzothola isabelo sika R13,4 billion ngonyakamali ka 2007/08, okukhombisa ukwenyuka ngo R1.7 billion noma 14.4% kune MTEF eyedlule. Lemali izoqlina impi yethu nesandulela nculazi nengculazi ngokugqugquzelu ukhulolwa uzisukele wena, ukukhulunyiswa nokunyuswa kwenani labantu abathola imishanguzo yokuthambisa igciwane. Lezizabelo zenza uMnyango wezeMpilo ukwazi ukunyusa inani labantu abathola imishanguzo besukeka ku 30 wamaphesenti weziguli ezipunyelwe kuya ku 70 wamaphesenti ngo 2009. Lemali inyuka isuka ku R988 million ngo 2007/08 ukuya ku R1.3 billion ngo 2009/10. Ukunyuka kwemali yamaholo kwenzelwe ukuthi kufakwe kancane kancane i Health Professionals Remuneration Review kanye nokunyuswa kwenani lezhala zabasebenzi bezempilo.

Ukuthi uMnyango wezeMpilo usufikelele emazingeni angaphezulu kwawezwelonekunokoloteni kukhombisa ukusebenza kahle kwe Primary Health Care Services. Kanjalo ke uMnyango uzonyusa ukwakhiwa kwakliniki, ngaleyondlela kunyuswa izinga lokuya kwezakhamizi ezikhungweni zempilo ngonyaka kuye ngale kuka 19.9 million ngonyaka ngo 2006 (kusuka ku 10,4 million ngo 1995). Izikhungo zethu ze PHC zihamba phambili empini yokulwa nezifo ezejwayelekile futhi ezelaphekayo eningi lazo linomthelela ekwenyukweni kwezinga lokufa kwezingane eziselwe nokudodobala kwenani labantu kanye nokwehla kweminyaka umuntu angalindela ukuyiphila emhlabeni.

Lokulibala okukhona ekusetshenxisweni kwezimali zezingwalasizinda kuxoxwe kakhulu kanti uma ku setshenzwa noMnyango weMisebenzi kahulumeni, isisombululo sesitholakele ukuze kubhekwanenalengqinamba. Isabelomali sezingqalasizinda sehliwe ngokwesinqumo soMnyang wezeMpilo kazwelone. UMcinimafa uphothula amalungiselelo e Private Public Partnership ukuze kubhekwanenalomsebenzi wokulungisa izibhedlela. Lokhu kuzokwenza ukuthi kube nezikhungo zezinga eliphezulu imali incane.



EzeNhلالاكاهل:

Malungu ahloniphekile, niyokhumbula ukuthi ekuqaleni kuka 2006/07 isamba esingango R13bn wezibonelelo zenhlalakahle sathuthelwa kuzwelone. Lesamba esiphethwe yi South African Social Security Agency sibandakanya izibonelelo zabadala, iminkantshibomvu yempi, abakhubazekile, izibonelelo zosizo, ezezingane ezikwabanye abazali, ezalabo abanakelelwa abanye, nezokondla izingane. Ngo 2002, izaguga ezingu 406,440 zazithola izibonelelo. Ngo Masingana 2007 zazingu 443,795. Izingane zazingu 530,484. Lenani selikhuphuke cishe kane lafika ku 1,903,802 ekupheleni kuka Masingana ngo 2007.

Isabelomali senza ngcono amaholo osonhlalakahle nokuqashwa abasizi bosonhlalakahle ikakhulukaze ukuze kusebenze lezizinhlelo ezilandelayo:

- Ukuvikela ukungasetshenziswa ngendlela efanele kwezidakamizwa,
- Ukunakekelwa nezinsiza zabadala,
- Ukuvimbela ubulelesi nokunakekela abathintwe ubulelesi,
- Ukunakekelwa kwezingane, abakhubazekile kanye nalabo abangakwazi kwakwenzani,
- Ukuvimbela isandulela-ngculazi, ingculaze kanye nokukhululelwka kwezingane okungafuneki, kanye
- Ukusiza umphakathi nje nokuqinisa amaxhama omphakathi, njll

Ukuthuthelwa kwemisebenzi emnyangweni wezokuThuthukiswa koMnotho

Sekunqunye ukuba kuthuthwe ukuphathwa kwe Provincial Growth Fund nezimali zokuthuthukiswa kwama SMME zisuke kuMgcinimafa ziye eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMnotho. Amalungu amanigi aleNdlu akuphakamisa lokhu kwinkulumompikiswano nyakenye. Lomsebenzi uzothuthwa kusukela mhla lulunye kuMbsa, futhi amaLungu aHloniphekile azobona ukuthi izimali zalezizinhlelo zivela ngaphansi kweVoti lesiNe kwisalebelomali esisethulayo namhlanje. Isamba sika R1,709 bn se Provincial Growth Fund nesamba sika R665m se Small Medium and Micro Enterprise Fund sezithuthelwe eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMnotho. Kepha uMgcinimafa uzosiza uMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho ekuphathweni kwalezizimali kuze kube amandla okusebenza asetholakele, sekuqashwe izimenenja zalomsebenzi.

(B) Ukuphatha kahle

I Performance Budgeting System

Ukushisekelwa ngokwenza ngcono ukulethwa kwezinsiza kungumongo we Performance Budgeting concept (PBS). I Performance Budget System iqale ngo Ntulikazi 2005 eminyangweni wezeMpilo nowezokuThutha.

Ngo Mbsa 2006, loluhlelo lwase luqala kowezoLimo, okaNdunankulu, isiShayamthetho sesiFundazwe, ovezokuThuthukiswa koMnotho, kanye noMgcinimafa. Leminyango izobe seyibukhoma mhla lulunye kuMbsa ngo 2007 ngaphandle kowezoLimo lapho iprojekhthi ihamba kancane ngenxa yokwentuleka kwamandla okusebenza.

Kunesidingo sokuthi ama data lines ayoyonke iminyango enziwe ngcono ukuze loluhlelo lusebenze kahle, ngaphandle kwalokho kuzophela ugqozi kubasebenzisi balo. Njengoba sisebenzisa R100m(ngonyaka owedlule) kuleprojekhthi ayinakuphanza futhi uMgcinimafa uzokwenza konke okusemandleni ukufaka loluhlelo ngokuphelele. Kodwa ke phela naye uMgcinimafa uzothembela kakhlulu ekusebenzisaneni kweminyango.



Ukuphathwa kwezimali

Okunye okubaluleke kakhulu ekulethweni kwezinsiza kubantu wukuphathwa kwezimali nokubika ngalokhu. Uma kukhona ukungaphathi kahle emnyangweni, ukulethwa kwezinsiza kuba okokuqala ukuzwela ngenxa yenhlanganisela yokumosha nokulahlela kwezinto kanye nokukhwabanisa nenkohlakalo. UMgcinimafa uzobe ebhekisia kakhulu imiphumela yokuphengululwa kwamabhku kweminyango kulonyaka ozayo. Imiphumela ka 2005/06 ayibanga mihle esifundazweni (ukuziqhathulula okokukodwa, imibiko yokuphengulula engaphelele eyisishiyagalolunye kanye nenani eliphezulu lezindaba ezigcizelelwayo) futhi uMgcinimafa uzimisele ukuvimbela umphumela ofanayo eminyakeni ezayo

Sizinikele ekuqedeni imibiko yokuziqhathulula yoMphengululimabhku nokuhhafula imibiko engaphelele ngo 2006/07. Ukuqala okukhulu kabi lokhu, kodwa sizimisele ukukwenza uma sizimisele ngokuqinisa ukuphathwa kwezimali ukuze kwensiwe ngcono ukulethwa kwezinsiza. UMgcinimafa ngeke ungabaze ukungenelela emnyangweni enamacala amakhulu okuphulwa kwe PFMA.

Ukuqaphela ukuphathwa kwezimali komasipala

Ngicela ukugcizelela ukuthi asigxilile kuphela emazingeni okuphathwa kwezimali emnyangweni. Ukuqala kokusebenze kwe MFMA kwaba isehlakalo esibaluleke kakhulu endimeni yokuphathwa kwezimali komasipala. Imigomo eyingqikithi iquinisekisa ukuphatha kahle izimali nokusimamisa omasipala nezinhlaka zabo ukuze kube ngcono ukulethwa kwezinsiza. Kubuye kudinge nezinguuko zokwezimali ezithile ezingeni lomasipala, ebaluleke kunayoyonke kuwukuncika kokwabiwa kwemali kwi Integrated Development Plan (IDP); ukubika phakathi onyakeni nangamuva kwawo, ukuphengululwa kwamabhku nokuqinisa ezokuphatha kwangaphakathi kanye nokuthengwa kwezimpahla nezinsiza.

Umsebenzi woMgcinimafa waKwaZulu-Natali wukunikezela ngomkhombandlela nosizo nge MFMA komasipala abangu 53 kwabangu 61. Akuwona umsebenzi neze lona. Sezihangene zonke izabelo zomasipala zika 2006/07 ziwu R24.1 billion. Sezikhule ngo 18.78 wamaphesenti phakathi kuka 2005/2006 no 2006/2007.

Amaphesenti angamashumi ayisiphohlongo nanhlanu omasipala asezilethe izikhathi azolungiselela ngazo izabelomali zika 2007/2008. Ukuzofika manje UThukela, Nquthu ne Mpofana basebenzisa imali abangenayo ebhange kanti sebeqale izindlela zokunciphisa lokhu ngaphambi kuka June 2007. Ngokwesethulo nokuphenysisa kuka 2005/06 bibili kuphela omasipala abangaka lethi imibiko yezimali, Ulundi no Umkhanyakude.

(C) Ukulwa nobulelesi nenkohlakalo

EzokuPhepha: Ukwenza ngcono imizamo yokuvimbela ubulelesi

Bekufanele kukhulunye kangaka emphakathini emavikini ambalwa edlule ngamazinga obelelesi angamukelekile.



Lokhu kwenze u Ndunankulu, eNkulumweni yeSimo sesiFundazwe athi:

"Uhulumeni akanavumela ingcosana eyizelelesi ukuthi idicelele phansi imizamo yokwenza ngcono inhlalo nokukhulisa umnotho esifundazweni sakithi."

Isabelomali sengeza u R105 million (R20m, R35m no R50m) eminyakeni emithathu ye MTEF ukusetshenziswa wuMnyango wezokuPhepha nokuXhumana ukuxhasa uhlelo Iwamavolontiya okuvimbela ubelelesi olumenyezelwe wuNdunankulu ezinsukwini nje. Sibona ukuthi lemali izokwanelo ukuqasha kuphinde kuqeleshwe amavolontiya ayinkulungwane ngo 2007/08 agcine eseyizinkulungwane ezimbilli ngo 2009/10. Angingabazi ukuthi lamavolontiya(asuselwe kwi London Metro Police Project), esebeanzana namaphoyisa nemiphakathi, azoba nomthelela osheshayo esimweni sobulelesi kulesisifundazwe.

Ukukhwabanisa nenkohlakalo

Mayelana nokukhwabanisa nenkohlakalo, ngifuna kucace bha ukuthi lohulumeni ngaphansi kuka Ndunankulu uNdebele nesiGungu esiPhethe KwaZulu Natali ngeke ubekezelele ukukhwabanisa nenkohlakalo noma ngabe kundlelani, kungakanani futhi noma yikuphi engosini yezomphakathi.

Ukungabekezeleli nakancane ukukhwabanisa nenkohlakalo sekwakhelwe phakathi kwesu eliqhubekayo layo yonke iminyango yahulumeni wesifundazwe. Lohulumeni ngeke amelete noma yiypipi inhlobo yokukhwabanisa nenkohlakalo yabasebenzi bahulumeni noma labo abakhethwe ngabantu, noma ngabe bakhulu kangakanani, bayiyiphi inhlango yombusazwe noma bazihlanganise nobani. Wonke amacala asolelwa ukukhwabanisa nenkohlakalo azophenywa ngaphandle kokwesaba noma ukwenzelela.

Ngingabika nje ukuthi uphenyo oluyishumi nesithupha ukusukela ekukhwabaniseni, inkohlakalo, ubusela, ukuphatha ngendlela ebheke eceleni, ukuphatha budedengu nezinye izigwegwe kwensiwe ngo 2005/06, kanti luning olusendleleni kulonyakamali. Amanye alamacala aphambi kwezinkantolo futhi neminyango ethintekayo seyivule izinkundla zokuqondiswa kwezigwegwe.

Uhulumeni uthathe isinyathelo ebasingakaze silindeleke sokuthi aphikisane necala ebelifikwe izinkampani zabammeli abasebenzisa "abadobi" ngaleyondlela kongeka izimali eziningi zezibonelelo. Umphumela walokho kube wukuthi i Law Society ithole amafemu amabili enecala lokungaziphathi kahle phezu kokuthi lamacala abikwe emaphoyiseni. Sesihlangene nabaphenyi bangaphandle, uMnyango wezaseKhaya kanye noMqoqi weNtela ukulwa nokukhwabanisa nenkohlakalo. UMnyango woHulumeni baseKhaya nezeNdabuko sewenze uphenyo komasipala abangamashumi amabili, noma nini uma kungathi kukhona ukungaphathi kahle. Ngaphansi kwazo zonke izimo izenzo zikahulumeni zilandela imiphumela yophenyo, ngeke sihambe ngokwemimoya evunguziswa wukukhulunywa kodaba emphakathini.

Sikwamukela kakhulu ukunquma kwe SCOPA ukucela uMphengululi mabhuku ukuthi aphenye ngezindlela zangaphakathi zokusebenza eThala ukuqinisekisa ukuthi akukho ukwenzelela uma kunqunywa ngezicelo zokweboleka imali. Kunophenyo-nzulu oluqhubeckay eMnyangweni wezoLimo nezeMvelo okujutshwe wuNdunankulu kulandela isinqumo sesiShayamthetho. Umbiko ogcwele uzophuma maduzane nje kodwa ngeke uxoxwe lapha.



UHLAKA LWEZIMALI ZIKA 2007/08 ZESIFUNDAZWE

Imininingwane eminingi itholakala kwi Budget Statement esisethula namhlanje. Cishe yonke iminyango ithole ukwenyuselwa imali kwi MTEF. Ngimema amaLunga aHloniphekile ukuba azijwayeze okuqukethwe yi Budget Statements.

Isabelemali esigoqiwe sika 2007/08 siku **Table 1**. Imali etholakala ngenani lezakhhamizi lenyuke ngo R5.7b kule MTEF. Ukwenyuka kwemali ebekelwe okuthille kuphela kungenxa kakhlukazi kokwenyuka kwezabelo ze Infrastructure Conditional Grant.

Futhi kube khona ukunyuswa-kubuyekezwa kwemali engenile eqhamuka kakhulu emalini eyenziwa wuMnyango wezokuThutha.

Table 1: Summary of Provincial Fiscal Framework

(R000)	2007/08	2008/09	2009/10
1. Receipts			
Baseline Allocation	41,932,609	47,010,085	50,344,488
Transfer receipts from national	40,692,720	45,683,403	48,918,305
<i>Equitable share</i>	35,957,286	40,445,585	43,479,004
<i>Conditional grants</i>	4,735,434	5,237,818	5,439,301
Provincial own receipts	1,239,889	1,326,682	1,426,183
Increase / (Decrease) in allocation	1,581,919	1,995,549	4,315,372
Transfer receipts from national	1,398,667	1,825,011	4,147,044
<i>Equitable share</i>	1,109,732	1,424,912	3,218,596
<i>Conditional grants</i>	288,935	400,099	928,448
Provincial own receipts	183,252	170,538	168,328
Revised allocation	43,514,528	49,005,634	54,659,860
Transfer receipts from national	42,091,387	47,508,414	53,065,349
<i>Equitable share</i>	37,067,018	41,870,497	46,697,600
<i>Conditional grants</i>	5,024,369	5,637,917	6,367,749
Provincial own receipts	1,423,141	1,497,220	1,594,511
2.1 New funding available for distribution	1,292,984	1,595,450	3,386,924
Equitable share	1,109,732	1,424,912	3,218,596
Less: Phasing-in of the FET College Recapitalisation Grant			(175,150)
Net equitable share	1,109,732	1,424,912	3,043,446
Provincial own receipts	183,252	170,538	168,328
2.2 Net new funding available for distribution	1,292,984	1,595,450	3,211,774
3. Less Non-Discretionary Expenditure Responsibilities	1,398,269	1,733,568	2,589,049
Carry-through costs of 2006/07 Adjustments Estimate	134,506	93,942	70,590
Net financial implication of demarcation (Net of Umzimkhulu and Matatiele)	729,179	749,163	779,612
Funding of national spending priorities	534,584	890,463	1,738,847
4. Surplus/(deficit) [2 - 3]	(105,285)	(138,118)	622,725
Add Re-allocation from baseline budgets	235,000	222,000	68,750
5. Net discretionary funding available for allocation to provincial priorities	129,715	83,882	691,475

U Section 2.1 we Table 1 unikeza imali entsha yokwabiwa ewu R6,3 billion kwi MTEF ka 2007/08. Kunezabelo ezingenakuthintwa ekuyilezi ezilandelayo:

- Izimali ezivela ekubuyekezweni kwesabelomali sika 2006/07. Imininigwane iku **Table 2** ngenzansi.
- Imali esale ekungeneni koMzimkhulu nasekuphumeni kweMatatiele. Ukuthi lokho kusho ukuthini ngokwezimali kuku Table 1.



- Izabelongqangi zikazwelonke emaholweni kwezeMfundu, ezeMpilo, nezeNhlalakahle akalelwé ngaphezulu kokubuyekezwa kokwehla kwamandla emali. Ukwenyuka kwemali yamaholi kwezeMfundu kukakhulukazi ngenxa yokwenyuka kwamazinga okukhokhela othishanhloko okuzokwenzeka kusukela mhla lulunye kuMbasa. Ngo 2007 bese kunabela kubafundisi esikhathini se MTEF. KwezeMpilo, ukunyuka kungenxa yokufakwa kancane kancane kwe Health Professionals Remuneration Review nokwandiswa kwabasebenzi bezempilo eminyakeni emihlanu ezayo. KwezeNhlalakahle kungenxa yokwenyuka kwesibalo sabasizi-sonhlalakahle. Iminingwane itholakala ku Table 2.

IsiFundazwe sibeke sesisala nemali esingenayo ebhange/eyisikweletu ewu R105 million no R138m eminyakeni emibili yokuqala kwi MTEF. Ukuhlangabezana naloshodi, izisekelo zezabelo zezinhlelo ezithile eMnyangweni wokuThuthukiswa koMnotho kuye kwadingeka zincishiswe, lezo yi Richards Bay IDZ, i Growth Fund ne SMME Fund.

Uma sekwenziwe lokwehlisa kwangaphakathi isifundazwe sisele no R130 million, R84 million and R691 million ukwaba. Ukwengezwa kwezimali eminyangweni kukhonjiswa ku **Table 2**.

Somlomo, kwezokuPhatha kukhuphuke kanje:

Office of the Premier R27,5 million kwi MTEF ukubhekelela nemali evela ekubuyekezweni kwesabelomali sika 2006/07 ukuze kuxhaswe Izimbizo.

Provincial Legislature R34,6 million ku 2007/08, R32,5 million ku 2008/09, no R34,8 million ku 2009/10. Lezabelo zizosetshenziselwa okulandelayo: izimali zokwenza umsebenzi ezindaweni ezabelwe amalunga eShayamthetho, ukuyisa iShayamthetho kabantu, nokushicilelwka kwephephabhuku Iso Elibanzi.

Royal Household R11,2 million kwi MTEF, imali esuka ku 2006/07.

Local Government and Traditional Affairs R53,9 million; R31,6 million no R124,8 million ukuxhasa usebenzisomali Iwase Mzimkhulu, amanzi nokuhlelela indle kanye nokuvuselelwka kwamadolobha amancane.

Sport and Recreation uthola 19,1 million, R5,5 million no R18,7 million yokwenatshiswa kwamahovisi esifundaweni sonke, ukuxhasa imicimbi emikhulu yemidlalo, kanye nosebenzisomali IwaseMzimkhulu.

Izabelo zengosi yezMnotho zenyuke kanje:

Agriculture uthola R33,1 million, R26,9 million kanye no R168,8 ikakhulukazi ukuxhasa ukwandise ezolimo ngamandla.

Transport uthola R150,6 million; R128,4 million no R399,2 million ukwenza usebenzisomali eMzimkhulu, ukunweba uR102 ukuze kungeneke kahle e Dube Trade Port; ukulungiswa kwemigwaqo, nokwakhiwa kwemigwaqo engenelayo.

Works: U R16,1m ukusetshenziswa eMzimkhulu.

Arts and Culture uthola uR26,1 million kwi MTEF ukusetshenziswa kuqhutshewa, UMzimkhulu, nokunyusa isivinini soguquko embonini yezokuvakasha.

Economic Development R26,7 million; R30,3 million and R35 million yokuhubeka nomsebenzi, ukwakhiwa kwegumbi lokuqophpha umculo kanye nokusizwa kwamabhzinisi.



Table 2: Summary of additional allocations, 2007/08 MTEF

	2007/08	2008/09	2009/10	2007/08	2008/09	2009/10
	R000			Percentage Share		
Vote 1: Office of The Premier - carry through of 2006/07 Adjustments Estimate: Izimbizo	8,560	9,160	9,800	0.7	0.6	0.3
Vote 2: Provincial Legislature	34,642	32,462	34,854	2.7	2.0	1.0
Carry through of 2006/07 Adjustments Estimate	10,842	11,602	12,414	0.8	0.7	0.4
<i>Constituency allowance</i>	8,665	9,272	9,921	0.7	0.6	0.3
<i>Statutory payments</i>	2,177	2,330	2,493	0.2	0.1	0.1
Taking Parliament to the People	10,200	10,700	11,200	0.8	0.7	0.3
Iso Elbanzi	3,500	3,760	4,040	0.3	0.2	0.1
Technological Improvements	7,100	3,200	3,200	0.5	0.2	0.1
Public Hearings	3,000	3,200	4,000	0.2	0.2	0.1
Vote 3: Agriculture and Environmental Affairs	33,134	26,889	168,825	2.6	1.7	5.0
Net financial implication of demarcation (Net of Umzimkhulu and Matatiele)	25,084	26,889	28,825	1.9	1.7	0.9
Agrarian Revolution			100,000	-	-	3.0
Ezemvelo KZN Wildlife	8,050	-	40,000	0.6	-	1.2
<i>Debt write-offs - Nedcor Group Loan</i>	8,050			0.6	-	-
<i>Infrastructure improvements - Road Maintenance</i>			40,000	-	-	1.2
Vote 4: Economic Development	(18,256)	(19,743)	(18,750)	(1.4)	(1.2)	(0.6)
Carry through of 2006/07 Adjustments Estimate - Admin costs iro Co-ops	9,744	10,235	11,000	0.8	0.6	0.3
Establishment of Music Recording Studio	10,000	12,000	15,000			
Decrease in Richards Bay IDZ budget	(45,000)	(50,000)	(53,750)	(3.5)	(3.1)	(1.6)
Revised model for integrated business support	7,000	8,022	9,000	0.5	0.5	0.3
Vote 5: Education	566,096	969,031	1,853,147	43.8	60.7	54.7
Net financial implication of demarcation (Net of and Matatiele)	373,112	391,768	421,150	28.9	24.6	12.4
Phasing-in of the FET College Recapitalisation GrantUmzimkhulu			175,150			5.2
National priorities:	192,984	577,263	1,256,847	14.9	36.2	37.1
Personnel (mainly for 2007 Wage Agreement)	96,984	120,744	245,808	7.5	7.6	7.3
<i>Personnel - (mainly for 2008 Wage Negotiations)</i>		432,519	865,039	-	27.1	25.5
<i>Teacher Development</i>	16,000			1.2		
<i>Teacher Development and Initial Supply (Bursaries)</i>	20,000			1.5		
<i>Systemic Evaluation</i>	20,000			1.5		
<i>Quality Improvement Development Support and Upliftment Programme</i>	40,000	24,000	146,000	3.1	1.5	4.3
Vote 6: Provincial Treasury	(171,500)	(166,000)	(15,000)	(13.3)	(10.4)	(0.4)
Carry through of 2006/07 Adjustments Estimate	18,500	6,000	-	1.4	0.4	-
<i>Planning/management costs of the Government Precinct</i>	6,000	6,000		0.5	0.4	-
<i>A1 GrandPrix</i>	12,500			1.0	-	-
Decrease in SMME Fund	(30,000)	(12,000)	(15,000)			
Decrease in KZN Growth Fund budget	(160,000)	(160,000)		(12.4)	(10.0)	-
Vote 7: Health	511,708	513,137	702,582	39.6	32.2	20.7
Carry-through costs of 2006/07 Adjustments Estimate - XDR-MDR TB	80,250	50,000	30,000	6.2	3.1	0.9
Net financial implication of demarcation (Net of Umzimkhulu and Matatiele)	143,858	149,937	160,354	11.1	9.4	4.7
Development of Oncology Services			30,228			
National priorities:	287,600	313,200	482,000	22.2	19.6	14.2
<i>Health Professional Remuneration Review</i>	237,600	313,200	432,000	18.4	19.6	12.8
<i>Additional posts for health personnel</i>	20,000			1.5		
<i>Expansion of Emergency Medical Services in preparation for 2010</i>	30,000		50,000	2.3	-	1.5
Vote 8: Housing - Capacity building in municipal housing component		5,000		-	-	0.1
Vote 9: Community Safety and Liaison	25,441	41,438	61,735	2.0	2.6	1.8
Net financial implication of demarcation (Net of Umzimkhulu and Matatiele)	2,941	3,438	1,735	0.2	0.2	0.1
Employment of voluntary corps	20,000	35,000	50,000	1.5	2.2	1.5
Improving the effectiveness of the SAPS			5,000	-	-	0.1
Creating public awareness	2,500	3,000	5,000	0.2	0.2	0.1
Vote 10: The Royal Household - carry through of 2006/07 Adjustments Estimate	3,500	3,745	4,026	0.3	0.2	0.1
Vote 11: LGTA	53,886	31,585	124,786	4.2	2.0	3.7
Net financial implication of demarcation (Net of Umzimkhulu and Matatiele)	53,886	31,585	34,786	4.2	2.0	1.0
Massification projects - Water and Sanitation			50,000	-	-	1.5
Rehabilitation of small towns			40,000	-	-	1.2
Vote 12: Transport	150,675	128,426	399,207	11.7	8.0	11.8
Net financial implication of demarcation (Net of Umzimkhulu and Matatiele)	110,675	128,426	114,400	8.6	8.0	3.4
Dube Trade Port (R102 - Ballito and M4 - R102)			84,807	-	-	2.5
Maintaining the existing road network	20,000		150,000	1.5	-	4.4
Access to community facilities	20,000		50,000	1.5	-	1.5
Vote 13: Social Welfare & Population Development	61,077	7,430	22,987	4.7	0.5	0.7
Net financial implication of demarcation (Net of Umzimkhulu and Matatiele)	7,077	7,430	7,987	0.5	0.5	0.2
National priorities:	54,000			1.9		
<i>Employment of Social Auxiliary Workers</i>	24,000			0.8		
<i>Scholarships for social workers</i>	10,000			1.5		
<i>Substance abuse</i>	20,000			10,000	-	0.3
Early childhood development			5,000	-	-	0.1
Home community-based care				5,000	-	-
Vote 14: Works Net financial implication of demarcation (Net of Umzimkhulu and Matatiele)	5,331	5,220	5,595	0.4	0.3	0.2
Vote 15: Arts & Culture	9,500	7,150	9,425	0.7	0.4	0.3
Carry-through costs of 2006/07 Adjustments Estimate - Special Events	1,600	1,650	1,750	0.1	0.1	0.1
Net financial implication of demarcation (Net of Umzimkhulu and Matatiele)	5,400	2,500	2,675	0.4	0.2	0.1
Accelerating transformation in the tourism industry	2,500	3,000	5,000	0.2	0.2	0.1
Vote 16: Sport & Recreation	19,190	5,520	18,705	1.5	0.3	0.6
Carry-through costs of 2006/07 Adjustments Estimate	1,510	1,550	1,600	0.1	0.1	0.0
Net financial implication of demarcation (Net of Umzimkhulu and Matatiele)	1,815	1,970	2,105	0.1	0.1	0.1
Major sport events	5,865	2,000		0.5	0.1	-
Decentralisation from regional to district municipal areas	10,000		15,000	0.8	-	0.4
TOTAL	1,292,984	1,595,450	3,386,924	100.0	100.0	100.0



Umphumela wokwenyuka kwezabelo izisekelo zezabelo zeminyango zikhushuliwe njengoba kukhonjisa **kuTable 3.**

Table 3: Summary of Revised Budgets by departments, 2007/08 MTEF

R000	Main Budget	Medium-term estimates (R000)			Annual percentage growth		
		2006/07	2007/08	2008/09	2009/10	2007/08	2008/09
1. Premier	294,740	332,159	360,730	387,738	12.7	8.6	7.5
2. Provincial Parliament	139,235	178,081	185,638	199,518	27.9	4.2	7.5
3. Agriculture and Environmental Affairs	1,298,906	1,507,802	1,628,446	1,892,633	16.1	8.0	16.2
4. Economic Development	390,052	1,394,441	2,792,213	3,174,003	257.5	100.2	13.7
5. Education	16,209,078	18,630,316	20,457,547	22,678,919	14.9	9.8	10.9
6. Provincial Treasury	1,069,780	649,493	827,507	883,120	(39.3)	27.4	6.7
7. Health	11,736,761	13,423,315	14,375,559	15,792,291	14.4	7.1	9.9
8. Housing	1,252,133	1,520,850	1,796,788	2,096,708	21.5	18.1	16.7
9. Community Safety and Liaison	50,818	78,800	98,532	123,111	55.1	25.0	24.9
10. The Royal Household	31,409	36,479	39,032	41,959	16.1	7.0	7.5
11. Local Government and Traditional Affairs	595,585	768,070	935,834	1,096,854	29.0	21.8	17.2
12. Transport	2,415,983	3,066,372	3,501,226	4,078,550	26.9	14.2	16.5
13. Social Welfare and Population Development	894,810	1,000,360	1,005,331	1,095,731	11.8	0.5	9.0
14. Works	451,523	479,419	512,494	550,915	6.2	6.9	7.5
15. Arts, Culture and Tourism	254,726	287,394	313,838	347,070	12.8	9.2	10.6
16. Sports and Recreation	106,071	161,177	174,919	220,740	52.0	8.5	26.2
TOTAL	37,191,610	43,514,528	49,005,634	54,659,860	17.0	12.6	11.5

ISIPHETHO

"Soar again, young eagle, soar above
The vast expanses of that silent sea,
Whose shallow waters are grey scrub, whose foam
Is shifting sand: here drowns the sun in floods
Of orange and of gold, of purple pomp
That pales to violet ere the stains of day
Are washed out by the waters of the moon."

Somlomo, izisihla zayizolo ngeke zisephule imimoya. Njengezinsingizi ezisezintsha, sizawukuziphakamisela ezibhakabhakeni. Ngokwenza intuthuko sizobe sifeza isethembiso sethu kubantu: impilo engcono kuwonkewonke. Abantu bakithi bazohlomula emnothweni. Amakhosikazi, abantwana kanye nentsha bonke bazothi ekugcineni sesizivunile izithelo zenkululeko yethu.

Amaphupho azobe ephela abe amaqiniso. Njengamazwi a John Updike, "Amaphupho ayafezekwa, uma bekungenakuba njalo imvelo ibingeke isenze sibe nawo".

Ngithanda ukubonga bonke abantu besifundazwe abaphose esivivaneni ngokuphawula ngesabelomali ngesikhathi sibahambele, bebuzwa emgagweni, noma befona. Kube nokuphawula okunqala okuvela entsheni, ikakhulukazi labo abaseziGungwini zaba Fundi emanyuvesi, abafundisa imfundo ephakeme, abezenkolo, abamabhzinisi, abezabasebenzi, kanye nomphakathi wonkana: omama, obaba, nentsha abafike ngezinkulungwane zabo.



Ukudweba isabelomali umsebenzi wabantu abaningi engithanda ukubabonga. Umkhombandlela wobuholi ngiwunike uNdunankulu wesiFundazwe. Ngiyabonga Manzankosi. Bengingeke ngikwazi ukuhlanganise lesabelomal ngaphandle kobuhlakani bakho. Uxhaso engiluthole kuNgqongqoshe Manuel, ozakwethu esiGungwini esiPhethe, ikomidi lesiShayamthetho lezeziMali nokuThuthukiswa koMnotho ngilubonga kakhulu ikakhulukazi uSihlalo ilunga elihloniphekile u Belinda Scott kanye namalunga ekomidi abangiphelezela sihambela abantu eMkhankasweni weSabelomali saBantu futhi nowayengu Sihlalo u Mnumzane Cyril Xaba. Nonkosi!

Ngithanda nokubonga izikhulu zase Treasury nakwa Economic Development – ikakhulukazi uMshengu Sipho Shabalala no Carol Coetzee nethimba lami ehhovisini likaNgqongqoshe, Sgananda neThimba abangisize kakhulu ukulungisa lokhu enikubona namhlanje.

Okokugcina nkosikazi yami, May, ngoxhaso onginike lona eminyakeni engamashumi amabili, kanye nomndeni wami wonke ikakhulukazi uDedani namadodakazi asebe khule baze baba abayali bami, ngibonga kakhlulu ngoxhaso nangokuqonda kwenu isimo sami. for the support spanning over two decades and my entire family especially Dedani and the girls who have now grown to become my advisors, thank you for all the support and understanding.

Somlomo, ngineqholo elikhulu lokwethula, kuleNdlu, I Appropriation Bill, 2007 yesiFundazwe saKwaZulu-Natali kanye ne Budget Statements ukuze ninqume ngayo.

Ake ngeboleke ku Slater ngithi:

Soar again, KwaZulu-Natal, soar again!

Ngiyabonga.

